SS 4

Isihloko sesifundo: Umfanekiso wohlamvu lwesiliva elilahlekileyo.

Umhlahlandlela womzali

Isikole sangeSonto Isikole sasekhaya

Mzali Othandekayo

Uyamukelwa kusifundo: Umfanekiso wohlamvu lwesiliva elilahlekileyo.

Lomqulu ukunika umhlahlandlela ofanele wokuba ungasethula kanjani lesi sifundo.

Ungasilungiselela futhi usethule kanjani lesi sifundo

Nanka amanye amasu ngezansi wokulungiselela nokwethula lesi sifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
1.	Finyelela ku Webhusayithi ye-New Apostolic Church ngokufaka noma ngokuchofoza kusixhumanisi esilandelayo kusuka ku-WhatsApp: https://bit.ly/3NACSSHS
2.	Qoqa lezizinsiza zokufunda ezilandelayo ukuze uqiniseke ukuthi usihlomele lesisifundo: • IBhayibheli • Isifundo ngefomethi ye-PDF esivele silungisiwe • Incwadi yengane yokusebenzela kanye namapensele, amakhilayoni, njll. • I-Vidiyo kiliphi okuyisisiza sokufunda esingezekile / isisiza sokufunda ongazikhethela ngokuthanda kwakho • Ikhathekizimu yemibuzo nezimpendulo (Ikakhulukazi kulesisifundo sesiQinisiso). Qaphela: 2.1: Isikhathi esifanele sokuthulwa kwalesisifundo, kungemuva kwenkonzo yangeSonto ekuseni, ngokuhambisana nesikhathi sesikole sangeSonto ukuze kugcinwe inqubo yesikhathi esijwayelekile. 2.2: Uyacelwa ukuba ugcine isifundo sibe mfushane uma kunokwenzeka, khumbula izinga lokunaka kwezingane zethu (gxila esifundweni) - uyazi kangcono ingane yakho! *Isikole sangeSonto ngokuvamile asidluli imizuzu engama-45.* 2.3: Lesisifundo silungele ibanga le- SS 4. 2.4: Uyacelwa uthinte uThisha wakho wesikole sangeSonto uma udinga noma yiluphi usizo noma uma udinga ezinye izinsizakufunda kulezi ezingenhla.
3.	Khuleka (bheka umkhuleko osekugcineni kwalomqulu) bese ucela uNkulunkulu ukuba akusebenzise njengethuluzi ukwethula isifundo ngendlela Yena afuna ukuba usethule ngayo.

Fundisa lesisifundo sesikole sangeSonto ekhaya

Ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo

Siyaqhubeka nokwabelana ngezeluleko ezithile zokuthi ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
4	Yenza indawo ilungele ukufundisa engenaziphazamiso lapho wena nengane / nezingane nisezingeni elifanayo. *Isibonelo*: Hlala phansi ocansini noma eduze kwetafula.
5	Funda kulesisifundo. Phinda ufunde futhi isifundo ukuze usiqondisise kahle. Bukela lesisifundo sevidiyo kiliphu ukuze uthole ukuqonda okungcono ngalesisifundo.
6	Zenzele amanothi ngamaphuzu abalulekile ongathanda ukuwakhumbula.
7	Yazi inhloso yalesisifundo ingane yakho okufanele siyikhumbule.
8	Yethula lesisifundo enganeni yakho noma uyifundele lenandaba uma uthanda.
9	Khombisa ingane yakho ividiyo bese uphinde ubuyekeze incazelo yayo.
10	Khombisa ingane yakho umsebenzi okufanele iwenze encwadini yayo yokusebenzela.
11	Khuleka, noma ucele ingane yakho ukuba ikhuleke bese uphetha isifundo.

Izinsiza zokufunda ezitholakalayo mayelana nokufundisela ekhaya.

Nazi ezinye izinsiza zokufunda zokungezelela lesisifundo sibe sezingeni leqophelo:

1. I-WhatsApp. Xoxani ngesifundo nomunye umndeni osifundayo nawo.

2. Xoxisanani ngesifundo nabanye abazali ukuze uthole ukuchazeleka kahle mayelana nesifundo ngaphambi kokuba sifundiswe.

3. Khululeka ukwenza olwakho ucwaningo ukuze uthole ulwazi olungezekile.

4. Khuluma noMxhumanisi wesikole sangeSonto webandla lakho noma uThisha bazimisele ukukusiza.

Isifundo

Isihloko	Umfanekiso wohlamvu lwesiliva elilahlekileyo.
Umbhalo weBhayibheli	NgokukaLuka 15: 8-10
Inhloso yesifundo	UNkulunkulu uyajabula ngesoni ngasinye esiza kuYe futhi siphenduke.

Isifundo esifingqiwe:

• INkosi uJesu yakhuluma kubantu abaningi futhi amazwi aKhe enza ukuba abalaleli baKhe bacabange ngendlela abaziphatha ngayo.
• Kuhlala kukhona abantu phakathi kwebalaleli baKhe abenze amaphutha amabi noma abaziphathe kabi.
• Babonwa njengezoni, bayaliwa futhi baphendukelwa ngabanye abantu.
• UJesu uthanda izoni futhi ufuna ukuba ziziphathe kangcono.
• Ama-Israyeli amaningi adumile awaluqondi uthando uJesu analo ngalezi zoni futhi awathandi ukuthi uJesu uchitha isikhathi nezoni.
• Ukuchaza isenzo saKhe kulama-Israyeli uJesu ubatshela umfanekiso wohlamvu lwesiliva olulahlekileyo.
• Owesifazane unezinhlamvu zesiliva eziyishumi. Uyathokoza kakhulu ngalokhu.
    - Ngolunye usuku wabala izinhlamvu zemali yakhe wabona ukuthi enye yezinhlamvu zakhe zesiliva lulahlekile.
    - Ngokuqophelela okukhulu, uqala ukufuna endlini yakhe uhlamvu olulahlekileyo.
• Ukhanyisa isibani sakhe kuwo wonke amakhona amnyama, wabese ethatha umshanelo washanelisisa ngokuqophelela phansi, ngethemba lokubona ukubenyezela okuncane kwesiliva.
• Ekugcineni ubona ukubenyezela kwesiliva. Utholile uhlamvu lwakhe obelulahlekile.
• Uyathokoza kakhulu uphuthuma uya kubangani bakhe kanye nakomakhelwane uthi “Thokozani nami! Ngilitholile uhlamvu lwami ebelilahlekile.”
    - Lena yiyo indlela uNkulunkulu azizwa ngayo ngesoni ngasinye esiphendukayo futhi sibuyele kuYe.

Ingabe sisho ukuthini lesisifundo kithina namhlanje na?

• Njengowesifazane owathokoza lapho ethola uhlamvu lwakhe olulahlekileyo, uNkulunkulu uyathokoza ngesoni esiphenduka ngeqiniso emaphutheni aso. • UNkulunkulu ubheka abalahlekileyo futhi ufuna ukubasindisa. • Ufuna wonke umuntu athokoze ngalabo abatholakele okulahlekeni kwabo. • Lapho siphenduka futhi sidla isidlo seNkosi esiNgcwele iNkosi iyasithethelela izono zethu.

Eminye imibuzo esingayibuza:

1. Yini uJesu ayenza ukufundisa abantu na? *Impendulo:* Wabatshela umfanekiso ngohlamvu lwesiliva olulahlekileyo. 2. UJesu watshela obani lomfanekiso na? *Impendulo:* Ama-Israyeli abezenza abalungileyo / Abantu ababecabanga ukuthi abanasono. 3. Walehlekelwa yini owesifazane na? *Impendulo:* Uhlamvu lwesiliva. 4. Wenzani lapho elahlekelwe uhlamvu na? *Impendulo:* Wayedabukile futhi waqala ukulifuna yonke indawo. 5. Wenzani lapho elithola na? *Impendulo:* Watshela omakhelwane nabangane ngezindaba ezinhle futhi wathokoza. 6. Qedela lokhu okulandelayo: Namuhla uNkulunkulu ufuna … *Impendulo:*… ukusindisa umphefumolo olahlekileyo. Ufuna ukuba siphenduke futhi siwavume amaphutha ethu.

UMkhuleko kaBaba noMama ngaphambi kwesifundo:

Nkulunkulu othandekayo, ngiyakubonga ngalolusuku

Busisa bonke abazali nezingane

Sengathi singabuzwa ubukhona baKho

Busisa isifundo esizoba naso

Sicela usifundise ukukukhonza

Futhi usisize ukwenza intando yaKho

Ukuze sikhule sisondele kuWe

Thumela uJesu azosilanda

Futhi kwangathi singalungela ukuhlangana naYe

Amen

Umkhuleko kaBaba noMama ngemva kwesifundo.

Baba siyabonga ngalolu suku.

Umsebenzi waKho muhle Nkosi ethandekayo futhi siyabonga ukuba sibeyingxenye yalomsebenzi omuhle kangaka.

Nkosi sivumele sikusize ukuthola umphefumulo olahlekileyo.

Busisa zonke izingane zethu, abazali kanye noThisha besikole sangeSonto nomaphi lapho bahlangana khona bethula izifundo zabo.

Ngisebenzise manje njengethulusi ukuletha izwi laKho ezinganeni zethu ukuze zikwazi ukuqonda umsebenzi waKho wensindiso.

Egameni likaJesu ngiyakhuleka "Amen"